IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UNkulunkulu Uvivinya Uthando lika-Abrahama

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Tammy S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2014 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Busuku bunye
uNkulunkulu
wanika u-Abrahama
umyalezo oxhwayisayo.

Lokhu
kwakuzovivinya
u-Abrahama ukubona
ukuthi u-Abrahama
ngabe uthanda ...

... indodana
yakhe u-Isaka
ngaphezu
kwaNkulunkulu.

“Thatha
manje indodana
yakho eyodwa
oyithandayo,
u-Isaka, ...

... uyekonikele ngaye
abe ngumnikelo
wokushiswa,"
Kuyala
uNkulunkulu.

Enikele u-Isaka?
Enikelise ngendodana
yake? Lokho
kwakunzima
ku-Abrahama.

Wayeyithanda
kakhulu
indodana
yakhe.

u-Abrahama
wayesefundile
ukuthemba
uNkulunkulu ngisho ...

... noma
engayiqondi
inhloso kaNkulunkulu.

Wavuka ekuseni
wathatha ezimbili
ezincekwini
zakhe, ...

… no-Isaka
indodana yakhe.

Ngaphambi kokuhamba,
u-Abrahama wacanda
inkuni zokwenza
umlilo womunikelo
wokushiswa.



U-Abrahama wayehlose ukuyenza intando kaNkulunkulu.

Ngosuku
Lwesithathu
u-Abrahama
waphakamisa
amehlo akhe,
wayibona
indawo
iseduze.

U-Abrahama wathi ezincekwini zakhe:
"Hlalani lapha; mina nomfana sisaya
laphaya,
sikhuleke, sibuye size kini."

U-Abrahama
wathatha izinkuni
zomnikelo ...

... obuzakushiswa,
wazibeka phezu
kuka-Isaka
indodana
yakhe, ...

... waphatha
esandleni sakhe
umlilo - nomese.

“iphi imvu yomnikelo
ezakushiswa na?”
kubuza u-Isaka.
U-Abrahama
wathi:

“UNkulunkulu uzakuzibonela imvu yomnikelo ezakushiswa, ndodana yami.”

Bafika endaweni uNkulunkulu
abemtshele yona;
u-Abrahama wakha
khona i-altare,
walungisa izinkuni.

Kade ayewenza
ama-altare kodwa
le kwaba enzima
kunawowonke.

Wambopha u-Isaka indodana yakhe, wambeka e-altare phezu kwezinkuni.



Ngabe u-Abrahama wayezoyenza ngempela yini intando kaNkulunkulu, anikele ngendodana yakhe, kuyokuphela kwayo?

Nangempela
washo wabenyezela
umbese ngenkathi
u-Abrahama elula
isandla sakhe, ...

... wathatha
umese ukuba
ahlabe indodana
yakhe.

Inhliziyo
yakhe
yayibuhlungu
kodwa u-Abrahama
weyazi ukuthi
kufanele ayenze
intando
kaNkulunkulu.

"Ungabeki
isandla sakho
kumfana,
ungenzi
lutho
kuye, ...

... ngokuba
ngiyazi
manje ukuthi
uyamesaba
uNkulunkulu,
...

... lokhu
ungagodlanga
kimi
nandodana
eyodwa
yakho."


U-Abrahama
waphakamisa amehlo
akhe, wabona
ngemuva yinqama, ...

... esihlahleni;
u-Abrahama waya
wayithatha
inqama, ...

... wanikela ngayo
umnikelo wokushiswa
esikhundleni
sendodana yakhe.

“UNkulunkulu
olethe lenqama
yokunikela.

Kunjengoba kade
eshilo ubaba,"
esho ecabanga
u-Isaka.

Ngenkathi ubaba nendodana bedumisa, ingelosi yabe isikhuluma no-Abrahama ithi:

“Nangenzalo yakho ziyakubusiswa
izizwe zonke zomhlaba,
ngokuba ulalele izwi lami.”

ngelinye ilanga inkosi uJesu
uyoba isizukulwane
sika-Abrahama.

U-Abrahama no-Isaka babuyela ekhaya. Sahamba isikhathi.

Kwafika ukudumala ngenkathi kudlula uSara emhlabeni.

U-Abrahama walahlekelwa unkosikazi, U-Isaka walahlekelwa uMama.

Ngokudlula komngcwabo, ...

... u-Abrahama
wathumela
oyedwa wezinceku
zakhe okuyofunela u-Isaka
unkosikazi.

wahamba
wabuyela lapho
kwabhunguka khona ...



… u-Abrahama
ukuyobheka
unkosikazi ezihlobeni
zika-Abrahama.

Inceku ka-Abrahama yacela uNkulunkulu ukuthi imkhombise unkosikazi ofanele u-Isaka.

“Intombi ezophuzisa ikameli lami amanzi akube iyona emufanele”.

Wathi eqeda ukucela kuNkulunkulu kwafika uRebeka waphuzisa ikameli amanzi.

URebeka wayeyisihlobo sika-Abrahama. Inceku yazi khona lapho ukuthi uNkulunkulu usewuphendulile umthandazo wayo.

URebeka washiya umndeni wakhe wayoshada no-Isaka.

URebeka wamududuza emuva kokudlula kwamawakhe.

U-Isaka wamuthanda kakhulu uRebeka!

UNkulunkulu Uvivinya Uthando lika-Abrahama

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Genesis 22 - 24

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16